IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa. | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzoekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama- 55 |

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

IZITHOMBE ZIXOXA LUKHULU

UMaGumede owayedume ngelikasisi Dolly esakhula, umi kwakhe endlini yokuphumula. Ubuka isithombe sakhe esengusukasambe wentokazi, ngesikhathi eseyintombi yakwabo eyayishaya ngezicathulo zayo okwakungachusha kuzo igundane. Wayengumnyovu ngaleso sikhathi futhi enyathela ngabantwana. Isikhumba sakhe sasisulekile namehlo emhlophe kwazise ayengakaziboni izimanga zomhlaba. Kulesi sithombe asibukayo ugqoke uyaconsa uphethe isikhwama. Uqhibulele isambulela kwazise wasithathela esitudiyo lesi sithombe. Impela asikho esiguga namagxolo aso.

Kuningi okufika emqondweni uma kukhulunywa ngesithombe. Kukhona leso esiphathwa ngesandla naleso esihlala kumakhalekhukhwini. Zithe chithi saka izithombe ezikhathini zanamuhla, okwenza kube lula kabi ukumazi umuntu othile ukuthi ubukeka kanjani noma ungasambonanga ngamehlo. Awusagcini nje ngokwazi igama nesibongo sakhe noma indaba exoxwa ngaye. Uke ucabange ukuthi inkulumo iyasakha isithombe esicacile emqondweni walowo osuke elalele? Othisha abantu abanekhono lokudweba umfanekiso ngengxoxo yabo kubafundi. Akugcini ngokuthi abafundi bakuqondisise lokho abakufundiswayo kodwa basuke sebekubona nangamehlo engqondo.

Emandulo ingakabi bikho imishini yokuthwebula izithombe, abadwebi babenza emihle imifanekiso lena. Yayidwetshwa kusetshenziswa ikhono lokuxuba imibala yemicako eyahlukene bese bekhipha umfanekiso womuntu noma wento edwetshwayo njengoba injalo. Umdwebi onekhono wayesidweba isithombe somuntu kube sengathi lowo muntu uzokhuluma. Babekhona nababengakudweba umangale ukuthi bathi nguwena kanjani ngoba bazidwebele omunye nje umuntu ongaziwa. Phela nawo amakhono ayashiyana. Ziyachaza izithombe ukuthi zidlulisa muphi umyalezo.

Baningana abanekhono lokuzichaza. Bakwazi nokuxoxa ukuthi umdwebi nodwetshiwe babekusiphi isimo. Imibala esesithombeni bayayichaza bayixoxise kuphume indaba obungayinakile. Abadwebi bezinga eliphezulu bayaqeqeshwa. Zikhona izingwazi zalo mkhakha wokudweba ezinjengoRembrant Van Righn onemidwebo emihle eyaziwa umhlaba wonke. ULeonardo Da Vinci ungumdwebi wesithombe esibizwa ngokuthi iMona Lisa, sisengundabuzekwayo ngobuciko obuhlukile abukhombisa ekusidwebeni. Wadla umhlanganiso ngaso. Nanamuhla le mifanekiso uma kunezindali isathengwa yize **imba eqolo**. Ezikoleni kukhona isifundo esiqhakambisa amakhono okudweba. Ezikhungweni zemfundo ephakeme kuyafundelwa ukusebenzisa ezobuchwepheshe ekudwebeni nasekuthwebuleni izithombe. Ogogodele lo msebenzi uzuza isitifiketi nolwazi olungamsiza ngisho efuna

ukuziqalela elakhe ibhizinisi enze **eshisiwe imali** ngokuqashwa emicimbini enhlobonhlobo. Izenzo zomuntu wonke ophilayo ezinhle nezimbi zishiya isithombe emiqondweni yabantu. Obedelela nalowo obehlonipha usuke eseshiye isithombe sokuthi wayengumuntu onjani.

Ulwazi lokuthwebula izithombe seluthuthuke kakhulu ezikhathini zamanje. Izihambeli zemicimbi ethile ziyaye zithathe izithombe. Okubi ukuthi aziyiceli imvume kubanikazi bomcimbi. Ngakho-ke azibe zisanqandeka. Zisakaza umcimbi izwe lonke zize ziwufake nasezinkundleni zokuxhumana ngesikhathi uqhubeka. Laba abasuke bengaphumelelanga abaphuthelwa lutho ngaphandle kwenkonzo yesisu. Bazithola zishisa izindaba. Kuyenzeka lokhu bangakuthandi abanikazi bomcimbi ngoba laba bathwebuli basuke bethwebule nokungamahlazo kwesinye isikhathi.

Izithombe zivamise ukuveza umuzwa othile kulowo osuke ezibuka. Okuhle ngezithombe ukuvela kobudlelwane kulabo abakusona nalowo osuke esibuka. Kuvamise ukuba kugqame izikhathi zentokozo nomlando kulezo zithombe. Kuyenzeka umuntu asisuse lapho kade esibeke khona, asicishe kumakhalekhukhwini noma asidabule uma engasezwani nalawo muntu. Kunabantu abathandayo ukuthatha nokuthathwa izithombe kanye nokudwetshwa. Kuyinto eyejwayelekile ukuthi uzwe abantu bethi, 'Usibanibani azive zimthanda izithombe'. Bakhona nalabo abaye bakhalaze njalo uma kubukwa izithombe ngokuthi abaphumanga kahle. Kungenzeka kanjani ukuthi umuntu oyedwa abe neshwa lokungaphumi kahle njalo ezithombeni?

Bayaxwayiswa abantu ngokufaka izithombe ezinkundleni zokuxhumana futhi babuye bazithumele kwabanye, ikakhulukazi uma kuyizithombe zabantu abagqoke ngokungahloniphekile. Umphumela walokhu mubi. Abaqashi bayazibheka izinkundla zokuxhumana ngaphambi kwenhlolokhono yomuntu othize. Uma etholakala enze le migilingwane uye azithole engaqashwa ndawo. Lapho-ke inhlanzi isuke isishelwe ngamanzi. Angakwenza lokhu umuntu edudene nabathile noma esemusha kodwa ngokuhamba kwesikhathi kumlahlekisela ngekusasa lakhe. Yiwo-ke amandla esithombe lawa.

1.1.1 Ubani igama lo wesifazane osibhalele lesi siqephu? (1)

1.1.2 Yiziphi izinhlobo zezithombe EZIMBILI ekukhulunywa ngazo kulesi siqephu? (2)

1.1.3 Kusho ukuthini ukuthi:, 'Izicathulo zayo okwakungachusha kuzo igundane.'

a) Izicathulo ezinembobo

b) Izicathulo ezigugile

c) Izicathulo ezinezithende eziphakeme

d) Izicathulo ezinezithende ezimfushane (1)

1.1.4 Yibaphi abadwebi ababili abadumile okukhulunywa ngabo kulesi siqephu. (2)

1.1.5 ULeonardo Da Vinci ungumdwebi wesithombe esibizwa ngokuthini? (1)

1.1.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

1.1.6.1 Ukumba eqolo (2)

1.1.6.2 Imali eshisiwe (2)

1.1.7 Yini inhloso yombhali ngokubhala lesi siqephu? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)


1.1.8 Ukuthuthuka kokushaya izithombe sekukhule kakhulu. Bhala izibonelo ezimbili ezinhle lapho ukushaya izithombe kulusizo khona. (2)

1.1.9 Ngokucabanga kwakho ukushaya izithombe kuwukhulisa kanjani umnotho wezwe. Chaza ngamaphuzu AMABILI. (4)

1.1.10 Kudalwa yini ukuthi esikhathini esiningi umuntu ombona esithombeni ehluke kunalowo osuke usumbona ngamehlo? Chaza ndephuzu elilodwa. (2)

1.1.11 Yini wena obona ukuthi ikwehlisa isithunzi uma umuntu eyenza? Chaza ngephuzu eLILODWA (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela



1.2.1 Lesi sithombe sathathwa kumuphi umcimbi? (1)

1.2.2 Ibizwa ngani indlela yokugqoka yalaba abasesithombe? (1)

1.2.3 Yini laba ababili abayenzayo okukhombisa ukuthi bajabule? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.4 Ngokucabanga kwakho sisekhona yini isidingo sokugqoka ngalolu hlobo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

1.2.5 Ibizwa ngani imvunulo abayifake emakhanda laba bobabili. (2)

[30]

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esixoxa ngezingozi ezingabangwa ukusebenzisa upharafini bese usifingqa isiqephu ngamaphuzu ayi-7.

IMIYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayi-7ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Amaphuzu akho awabe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**IZINGOZI EZINGABANGWA UKUSEBENZISA UPHARAFINI**

Upharafini yiwona osetshenziswa kakhulu emakhaya amaningi. Uyasetshenziswa lapho kuphekwa, kufudunyezwa ikhaya uma kumakhaza noma kubaswa umlilo.Okubuhlungu ngophalafini ukuthi iningi labantu aliqaphelisisi ngokusetshenziswa kwawo okugcina kudale izingozi ezinganeni.

Ukuphuza upharafini kubeka impilo yabantu engozini nsuku zonke lapha eNingizimu Afrika. Okubuhlungu kakhulu ukuthi ungaba yingozi uma ungagcinwa ngendlela efanele. Iningi labantu lifaka upharafini emabhodleleni odilinki noma obisi. Phela siyazi ukuthi abantu abaningi basebenzisa upharafini emizini yabo ngoba ugesi ubiza imali eningi. Lokhu kubeka impilo yabantu engozini.

Ziningi izingane eziphuza upharafini nsuku zonke. Lokhu kuzenza zigcine seziphethwe yisifo okuthiwa yi-chemical pneumonia. Ezinye aziphili, ziyafa ngenxa yokuphuza upharafini. Upharafini udayiswa ngezindlela ezingaphephile ngabanikazi bawo ngoba abanazo izinto zokuwufaka. Lokhu kwenza ukuthi umuntu uma eyowuthenga

aziphathele eyakhe into yokuwufaka. Uma usuwuthengile kubalulekile ukuthi uwugcine endaweni ephephile lapho izingane zingeke ziwuthole khona.

Ukungabibikho kwamalebuli afundisa ngamakhemikhali afakwe kuwo yikhona okwandisa izingozi. Uma izingane ziwuphuzile unuka ngisho nasemizimbeni yazo. Ezinye ziba nezinkinga zokuphefumula bese ziphathwa isifuba somoya (asthma) zikhwehlele kakhulu. Lokhu kulimaza amaphaphu azo. Akukhona ukuphuzwa kwawo nje kuphela okuyingozi kodwa nemizi iyasha ishiswa ukunganakekeli noma ukusetshenziswa kukapharafini ngendlela engeyona. Izingane ziyadlala ngawo zingazi ukuthi sezidlala ngomlilo. Zisuke zithi ziyapheka ziwuthele ezitofini emuva kwalokho zilayithe umentshisi. Izingane zisuke zingaboni ukuthi sewuchithekele phansi bese kusuka umlilo oshisa konke; umuzi, izimoto kanye nazo izingane uqobo.


Kusemqoka kakhulu ukuthi kuzo zonke izinto ezenziwayo nezithengwayo eziyingozi zigcinwe ngokunakekelwa okukhulu ukuze izingane zingangeni ezingozini ebezingavikeleka kuzo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B : 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Fundisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.




KWA JUSTICE LIVESTOCK Sidayisa izinkomo, izimbuzi kanye nezimvu. Sinazo ezenyama, ezobisi, kanye nezokufuya. Kanti futhi siyadiliva kuzo zonke izindawo ngamanani aphansi. Siyakuthengisela ngobuningi, ngentengo engcono. Siyabasiza nabeZITOKOFELA. Siyakuhlinzela ... Sikusikele ... Sikugcinele ... emakhazeni. Ngemininingwane egcwele ungaxhumana nathi ... KWA-JUSTICE LIVESTOCK, DOESBERG, STANGER (032) 5512408
[*Icashunwe ku-Isolezwe* Okthoba 2016]

3.1 La magama athi: KWA JUSTICE abhalelweni aba makhulu? (2)

3.2 Bhala okubili okukhangiswa kulesi sikhangisi? (2)

3.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo:

Igama istokofela libolekwe kuliphi ulimi

a) IsiBhunu

b) IsiNgisi

c) isiJalimane (1)

3.4 Chaza lesi simo sokukhuluma: Walala wasala. (2)

3.5 Ingabe amanani okudiliva alapha aphansi ngempela? Sekela impendulo yakho. (2)

[10]

4. Fundisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




4.1 Benzani laba abakule khathuni? (1)

4.2 Yibuphi ubuhlungu obufanayo osebuziwe yilaba bafana bobabili. (1)

4.3 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Umkhulu umuntu ozala (dadewenu,ubaba, umzala) (1)

4.4 Khipha ongumnini kule nkulumo yalaba bafana uphinde umsebenzise emshweni ozakhele wona. (2)

4.5 Tomula ibizo elisesigabeni se-10 esikhangisweni bese wakha ngalo umusho wakho lapho lona lisebenze njengomenziwa. (2)

4.6 Yakha ibizo ngesenzo –shona. (1)

4.7 Ngokucabanga kwakho izingane kumele ziye emgcwabeni uma sezineminyaka emingaki? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

| |
|---|
| Ngaze ngajabula ngoba sengiyasiqeda lesi sikole. Umuntu usezoke akwazi ukuziphatha enze lokhu okuthandwa nguye. Ukuhlala nabazali kuyinto enhle impela kodwa ngesinye isikhathi kubanga isithukuthezi.<br><br>Lawa ngamazwi kaZenzile intandokazi kamama engazi ukuthi abazali nothisha basuke bemnika umgodla wolwazi noyomsiza uma esemdala. UZenzile wayejahe ukuziphatha engazi ukuthi ukuziphatha kuhambisana nezinkinga zakhona. Uma usuziphethe kumele ube nemali yakho, indawo yakho yokuhlala, imali yokuzilungisa neyokuya emsebenzini. Uma imali uyisebenzise kakhulu futhi yengenela ugcina usungukudla komashonisa. Imali kumele uyonge inyanga nenyanga. Namhlanje uZenzile uyakufisa ukuba ingane anakekekelwe ngabazali bakhe. Isinqumo sokuziphatha sisho ukuthi indoda umazibonele. |

5.1.1 Bhala igama elisho okufanayo nalesi sigejana samagama

Umuntu obolekisa ngemali (1)

5.1.2 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.

**Indoda** umazibonele. (1)

5.1.3 Yimuphi umqondo ovezwa igama olinciphisile embuzweni 5.1.2? (1)

5.1.4 Tomula ibizonto elisesigabeni 7 bese wakha umusho ongahambisani nalesi siqeshana. (2)

5.1.5 Lungisa lo musho olandelayo ngokuguqula amabizo abhalwe ngokunzima abe isabizwana soqobo.

**UZenzile** wayengakwazi ukuphatha **imali** (2)

5.1.6 Sebenzisa igama **inyanga** emshweni wakho liveze umqondo owehlukile kunalo osesiqeshini. (2)

5.1.7 Yimuphi umqondo ovezwa isakhi u-**kazi** kuleli gama intando**kazi.** (2)

5.1.8 Khipha ucezu lwenkulumo olungumnini lapha esiqeshini bese wakha umusho ngalo. (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo njengoba.



Yeyi wena silima somfana! Musa ukungibamba ngenkani lesi sishimane lesi! Usufuna ngikuqome khona uzongikhulelisa bese ungishiya nengane? Baqinisile abathi abafana bazi ukusebenzisa izidakamizwa nokuhlukumeza amantombazane nje kuphela.

5.2.1 Yiliphi igama elikhombisa indelelo kulesi siqeshana esingenhla? (1)

5.2.2 Igama elithi isishimane livusa miphi imizwa? (1)

5.2.3 Amazwi akhulunywa intombazane athi usufuna ukungikhulelisa bese ungishiya nengane? Akhombisa yiphi inkolelo (inkoleloze, inkolelo engaguquki, inkolelo ngqo? (1)

5.2.4 Khipha umusho okhombisa ukuthi le ntombazane icabanga ukuthi abafana bayafana bonke. (2)

5.2.5 Yini eyenziwa yilo mfana eyenza le ntombazane ikhulume ngale ndlela ekhuluma ngayo? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU C : 40**

**AMAMAKI ESEWONKE : 80**